NEWCASTLE MUNICIPALITY NEWSLETTER

# EYABANTU

FOR THE PEOPLE

ISSUE - 15 OCTOBER 2020

SCAN QRCODE



UMASIPALA UBUNGAZA INYANGA YEZOKU-THUTHA

PAGE 3



UKUBAMBANA NGEZANDLA UKUGCINA INYUKHASELA IHLANZEKILE

PAGE 5



SILETHA INTUTHUKO EKUNQANDENI UKUMUKA KWAMANZI

PAGE 6



UKUVULWA KWEMITAPO YOLWAZI

PAGE 8

# UHLELO OLUZOGUQULA INYUKHASELA



**Siphosethu Mkhwanazi**

Uhlelo lokwakhiwa kwezindlu elibiza izigidi ezingamakhulu ayisithupha kanye namashumi nantathu (R623 million) luhlela ukushintsha izimpilo zabaningi eNyukhasela. UMeya waseNyukhasela uDkt. Mahlaba uvule ngokusemthethweni uhlelo lwezezindlu olubiza izigidigidi zamarandi oluzoshintsha izimpilo zabantu kanye nosomabhizinisi.

UDkt. UMeya Mahlaba uphinde wenza izimemezelo ezibalulekile mayelana nokuthuthukiswa kwezindlu, wabe esememezela noguquko oluzoba khona emnothweni walapha ekhaya ekwakheni amathuba emisebenzi omphakathi.

Ehlaba isoyi okokuqala, uMeya Mahlaba uphinde wathula osonkontileka. Lolu uhlelo lokuqala lwebhizinisi elizoba ngaphansi kwabantu abamnyama esifundazweni saKwaZulu-Natal. Angaphezu kwama -1200 amathuba emisebenzi ezokwakheka. Yonke impahla yokwakha izothengwa kosomabhizinisi basekhaya.

Umaspala waseNyukhasela uzoqinisekisa ukuba bonke osonkontileka abancane batholakala lapha eNyukhasela. Khonamanjalo ubudlelwane obuhle neNyuvesi yase South Africa (UNISA) obuqinile benze ukuba i-UNISA isiboleke ihhovisi lesikhashana ukuqinisekisa ukuba lomsebenzi uyafezeka.

## I DO RIGHT EVEN IF NOBODY IS WATCHING



## Editorial Team

**EDITOR -**
MLUNGISI KHUMALO
Mlungisi.khumalo@newcastle.gov.za

**TECHNICAL SERVICES WRITER -**
NOMFUNDO KHAWULA
Nomfundo.khawula@newcastle.gov.za

**DEVELOPMENT PLANNING AND HUMAN SETTLEMENTS WRITER -**
SIPHOSETHU MKHWANAZI
Siphosethu.mkhwanazi@newcastle.gov.za

**COMMUNITY SERVICES WRITER -**
THULILE MAPHANGA
Thulile.maphanga@newcastle.gov.za

**SPECIAL PROGRAMMES & PUBLIC PARTICIPATION WRITER -**
NELISWA SIBISI

**OFFICE OF THE MAYOR / OFFICER OF THE SPEAKER -**
MLUNGISI KHUMALO
Mlungisi.khumalo@newcastle.gov.za

**COMMUNITY SAFETY WRITER -**
STHEMBELE DLAMINI

**ISINGUNI EDITOR/ CUSTOMER RELATIONS/ ASK THE MAYOR COLUMN -**
SIBONISO XABA
Sibonisa.xaba@newcastle.gov.za

## Switchboard Numbers

Tel: 034 328 7600
Address: 37 Murchison Street

Electricity: 034 312 1201/2
Water: 0860 144 144
Fire and Disaster: 034 328 4700

Facebook: Newcastlemunicipality
Whatsapp: 063 622 9645
Twitter: @nnmunicipality

Eyabantu Newspaper Email:
communications@newcastle.gov.za

# SIPHUTHUMISA INTUTHUKO KUBANTU

Somlomo

Ngiyabonga ukunginikeza lelithuba lokukhuluma namalunga omphakathi ka-Masipala wethu omuhle. Ngithanda ukuqala isonto lami ngokucaphuna umbhali wami oqavile nengimkhonzile, uLailah Kita, we Pearls of Wisdom, owathi "uma sinikwezwe ithuba lokusebenza, kumele sisebenze ngokuzimisela."

Somlomo, loku okucashunwe ngaphezulu kuhlezi kuyisikhumbuzo ukuthi njengoMasipala sisebenza ngakho konke okusemandleni, nokuthi siyawubandakanya umphakathi. Ukulethwa kwentuthuko nqangi akungathandabuzwa kumele kwenzeke ngokushesha. Kuyangithokozisa ukubika ukuthi ezindaweni eziningi ezingaphakathi ku -Masipala wethu sesenze intuthuko enkulu emkhakheni ethile, ikakhulukazi kulamasonto amabili adlule. Ukwethula ngempumelelo umkhankaso obizwa nge 'Separation at Source' kube yisiqalo esihle kakhulu, njengoba siqeda futhi sihlela ukunciphisa udoti. Izinyathelo ezenziwe u-Mnyango wezokuthuthukiswa kwemisebenzi yomphakathi ku-Masipala wase-Nyukhasela kuzoshintsha izinto kohulumeni basekhaya. Impumelelo yalephrojethi ilele ekuzimiseleni kwabahlali ekusebenzisaneni ngokubambisana nathi. Konke esesikwenzile singumasipali kungenxa yokuzinikela komphakathi wethu. Umasipala wase Nyukhasela uzishaya isifuba ngokuba u-Masipala osebenza ngokuzimisela ukuletha intuthuko, nobakhathalelayo abakhokhi bentela. Ngicela bonke abahlali babambisane nathi njengoba sithuthukisa ukulethwa kwentuthuko kubona.



Ngiyakuqonda ukuthi ubugebengu yiyo yodwa into engama endleleni yokuletha impumelelo, Izimali uma zingasebenzanga ngezindlela ezikhishelwe zona, noma uma zingekho ukushintsha izimpilo zomphakathi. Kwimizamo yethu yokuqeda ubuqhopholo, uMasipala ukhiphe umbiko ngesikhathi somhlangano wekomidi, othulwe ngabe 'Ongoti Forensics'. Siqinise isandla lapho sikhuluma nalaba abaphula umthetho noma labo abathintekayo ekwenzeni kobubi. Sizibophezele ekubhekaneni nezenzo zenkohlakalo ngaphandle kokunanaza, ukwesaba nokuba nomusa.

Somlomo, kuyangijabulisa ukubika ukuthi abasebenzi ba-Masipala avela e-mnyangweni wezobuchwepheshe asebenze ngokungakhathali nokuzimisela isonto lonke ukusheshisisa ukufakwa kotiyela kanye nokwakhiwa kwemigwaqo emisha, kubalwa umgwaqo uDavy no Edison. Abasebenzi ba -Maspala bamatasa balungise amapayipi amanzi baphinde bakhe kabusha imisele egelezisa amanzi kuzo zonke izigceme eziphansi kwa-Masipala. Lentuthuko isilethe enkulu inkululeko ezindaweni ezithile.

Kulelisonto sisungule ngokusemthethweni umkhankaso wenyanga yezokuthutha, lapho bekuhlolwa khona isimo sezimoto nabashayeli. Lomncimbi ube yimpumelelo.

Somlomo, kuleli sonto silalelisise kahle izikhalazo nezinqinamba abahlali base Siyahla-la abahlangabezana nazo. Njengo-Masipala olalelayo nokhathalayo, sibe sesisungula iqembu eliphezulu lemikhakha ehlukene elizobhekelela izikhalo zomphakathi. Ngibe sengicela ukuba bangilungisele umbiko ophuthumayo. Uma sesithole wonke amaqiniso, sizobuyela kubahlali base Siyahla-la ngeziwu- 21 ku Mfumfu 2020, bese sibabikela ngombiko esesiwutholile. Izimpendulo zethu zomphakathi wase Siyahla-la ngeke zibambezeleke nakancane.

Ngiyabonga kakhulu Somlomo
Dkt Ntuthuko Mahlaba.

## SEND THE MAYOR A MESSAGE ON THIS WHATSAPP NUMBER -063 622 9645 AND GET A PUBLISHED RESPONSE



**ACCELERATING SERVICE DELIVERY**

# UMASIPALA UGUBHA INYANGA YEZOKUTHUTHA



**Sthembele Dlamini**

Inyanga yezokuthutha igujwa unyaka nonyaka uMnyango wezokuthutha, lokhu kungenye yezi ndlela esebenziswa ilomnyango ukukhulumisana nabanye ozakwabo abasebenzisana nabo kulomgudu. Lomnyango uphinde usebenzise lelithuba ukuqwashisa ngokubaluleka kwezokuthutha emnothweni wezwe, uphinde ulisebenzise lelithuba ukuba umeme umphakathi kanye nosomabhizinisi ukuba babe ingxenye yokuletha indlela ephephile, engabizi netholakala kalula.

Umnyango wezokuphepha komphakathi kwaMasipala , EMRS, SAPS, RTI, kanye ne ER24, bagubhe ngokusemthethweni inyanga yezokuthutha ngaphansi kwesqubulo "Together Shaping The Future" emgwaqeni (Emasotsheni).

Obekhona kugujwa lenyanga ebalulekile eNyukhasela, uMeya womkhandlu uDkt. UNtuthuko Mahlaba. Ubeyinxenye yabafundisa ngokuphepha emgwaqeni kulomkhankaso, waphinde waqhuba ukumiswa nokuhlolwa kwezimoto.

"Inhloso yololuhlelo ukufundisa abashayeli nokuqhwashisa umphakathi ngokuphepha emgwaqeni. Sesibheke esikhathini samaholidi kakhisimuzi, ngakhokhe abashayeli kumele baqaphele emgwaqeni. Inombolo yezingozi ezenzeka emgwaqeni iyathusa futhi idala ukukhathazeka. Ngicela abashayeli ukuba baqinisekise ukuba izimoto zabo zikulungele ukuba semgwaqeni," kuqwashisa uDkt. Ntuthuko Mahlaba.

Kulomkhankaso womnyango ubuhanjwele nawu sekela Meya lomasipala waseNyukhasela uReuben Molelekoa, uSomlomo waseNyukhasela Samukelisiwe Yende, nobambe njengemenenja yakwaMaspala uMnu uMuzi Mayisela kanye no Somlomo womkhandlu wase Amajuba District ukhansela Phumzile Mgcina.

Obambe njengemenenja, uMnu. Muzi Mayisela unxuse amapoyisa omgwaqo ukuba aqhubeke nokudlala indima ebalulekile makuza ekunqandeni izinombolo zezingozi zomgwaqo nokubamba abenzi bobubi.

Ngesikhathi somkhankaso wokuphepha emgwaqeni, uMeya womkhandlu waseNyukhasela uDkt. Ntuthuko Mahlaba unikezele ngesihlalo sasemotweni kumama wengane, lokhu kumthokozise kakhulu umama wendodana enonyaka owodwa. Abanye abashayeli banikezwe izikhwama ebeziphethe izipho. UMeya uququzele abashayeli bamatekisi ukuba baqinisekise ukuba banebhodlela lesihlanzi lezandla emotweni.




REPORT WATER LEAKS \ SEWAGE SPILLS - 034 328 7600




**WASH YOUR HANDS. SANITISE. SOCIAL DISTANCING**

# UKUBAMBANA NGEZANDLA UKUGCINA INYUKHASELA IHLANZEKILE




**Thulile Maphanga**

Ngezi 8 zikaNdasa 2019, uMongameli Cyril Ramaphosa wathula ngokusemthethweni umkhankaso wezenzo ezinhle endaweni yase Eastern Cape. Inhloso yaloluhlelo bekuwukukhuthaza zonke izakhamuzi ukuthi zihlanganyele noHulumeni, ukukhuculula izindawo zabo, zomasipala wabo maduzane kuzoba amakhona wonke womhlaba. Ngokwa Mongameli lokhu kungafinyelela emphakathini onobungani bemvelo futhi kufake isandla ekuxazululeni imfucuza nokugcwala ezindaweni ezithile.

Kamuva kulo nyaka uMeya woMasipala waseNyukhasela uKhansela Dkt Ntuthuko Mahlaba wethule ngokusemthethweni uhlelo i#Gcina iNyukhasela inhlanzekile, elihlose ukuqwashisa amalunga omphakathi ukugcina indawo yabo inhlanzekile futhi ihlose ukufundisa ngokulahlwa kukadoti ngaphakathi kuMasipala. Loluhlelo selukhule izigaba eziningi, laheha izigidi zamovolontiya. Khona kunjalo, imithetho yemivalelandlini yeCovid-19 ifake amabhuleki kuloluhlelo ukuthi luqhubeke.

Manje njengoba umhlaba usesigabeni sokuqala, uMnyango Wezemvelo, Amahlathi kanye Nezokudoba Abaxhumanisi Bentsha (YEC), Ukweseka koHulumeni basekhaya (LGS) behlangene nabazuzi be Thuma Mina Good Green Deeds, noMasipala waseNyukhasela baphinde bavuselela le nqunquthela yokukhuculula. Indawo ekuqalwe kuyo isesikhungweni samabhasi kanye namatekisi aseNyukhasela, uhlelo lwalo ukuhambisa amanzi avinjwe imfucuza.
Inani labantu elandayo liyalingana futhi liyahlangana nokuthutha kwemifucuza. uMasipala usethule umthombo wokuhlukanisa udoti emthonjeni, ekuzameni izindlela zokunciphisa ukulahlwa kukadoti, ngokuphambukisa okungenani imfucuza engamaphesenti angamashumi ayisishagalolunye nantathu (93%) ezindaweni zokulahla udoti. Loluhlelo lihlose ukwakha amathuba omsebenzi kwezinto ezivuselelwa kabusha nalabo abafisa ukuqala amabhizinisi emikhakha yemfucuza.

Ukukhiqizwa kwemfucuza kuyanda ngokukhula kwenani labantu futhi kubalulekile ukuthi kubhekwe kabusha umfanekiso wokukhiqiza nokugcina kabusha kwezinto ezisetshenziswayo, ubhekise ohlelweni olubizwa ngokuhlukaniswa kukadoti elisungulwe uMasipala ngoMandulo inhloso yayo enkulu kwakungukunciphisa imfucuza ngokuphambukisa okungenani ngamaphesenti angamashumi ayisishagalolunye nantathu (93%), kude nasezindaweni zokulahla udoti.

Inhloko yezokuxhuma nomqondisi we Eyabantu, nencwadi yezindaba yakaMasipala izwakalisa ukugculiseka okukhulu ngemiphumela emihle nenqunquthela ewutholile ovela emphakathini.
"Kuyajabulisa ukwazi ukuthi kunomthelela omuhle ngalesisinyathelo. Indawo enhlanzekile nebukekayo ilethe isithunzi emphakathini futhi iphinde ikuveze ukuthi abafundi bethu bayayibona imizamo kaMasipala. Siyaqhubeka nokunxusa amalunga omphakathi ukuba aqhubeke nokuxhumana noMasipala ezinkundlweni zokuxhumana nokwazisa ngezinhlelo ezinhle ezenzela kuloMasipala. Iphephandaba elisha lakavuma lakaMasipala indlela enhle elungile yokuthola ngezinto zonke ezenzakalayo kuMasipala, kusho uMlungisi Khumalo".
**"Masigcine iNyukhasela ihlanzekile"**



REPORT CORRUPTION

# SILETHA INTUTHUKO EKUNQANDENI UKUMUKA KWAMANZI

**Nomfundo Khawula**

Umnyango wezamanzi kuMasipala waseNyukhasela uqhuba uhlelo elinomphumela omuhle wokulwisana nenkinga yamanzi nokuqhuma kwamapayipi. Umphakathi waseNyukhasela ungakhululeka wazi ukuthi umasipala uyayinqoba impi ebikade inganqobeki. Iqembu liyaqhubeka nokusebenza ngokuzikhandla imini nobusuku, ukuqinisekisa ukuba amapayipi aqhumile ayalungiswa ngokukhulu ukushesha.

Ukunciphisa isimo sokuqhuma kwamapayipi nokuthola isisombululo sesikhathi eside, Umnyango wezamanzi ufake ama-valve azohlukanisa ukuze kuvaleka izindawo ezincane uma kunepayipi eliqhumile, bese ngokushesha kufakwe amapayipi amasha.

Unjiniyela wezezamanzi, uMnu Manqoba Shabalala uthi abezobuchwepheshe bakhishwa njalo uma kubikwe ipayipi eliqhumile noma amanzi avuzayo, bese bafaka elisha ngokushesha. Ngokuka Shabalala, lendlela ayongi kuphela isikhathi kodwa futhi ayiphazamisi umphakathi ngokunqamuka kwamanzi.

"Okwethu ukunciphisa inani lamapayipi aqhumile ngokushesha. Sinethemba ukuthi lokhu kuzoba njabulo emphakathini wethu, lokhu kuphinde kusho ukuthi amathangi amanzi asethunyelwa kwihlanzana labantu uma sibe nokuqhuma kwamapayipi. Ukwethulwa nokufakwa kwamapayipi anciphisa incindezi kuzojika izinto," kungeza uShabalala.
Uphinde washo ukuthi ngesikhathi amapayipi amadala (PRVs) ekhandwa, ayengenazo izisefo ezibamba udoti emapayipini kodwa kulawa wamanje afakiwe asenazo izisefo, lokhu kuzokwenza kubelula ukugeleza kwamanzi emapayipini.

Umqondisi omkhulu wezamasu wezinsizakalo zobuchwepheshe, uMnu. Sydney Chauke, uqhube wathi uMasipala uphuthumisa imizamo yokubukeza izinkinga zamanzi. Unxuse amalunga omphakathi ukuba ubike ngokuvuza kwamanzi kulenombolo (0860) 144 144.





# UMASIPALA UPHUTHUMISA UHLELO LOKULUNGISWA KWEZITAMKOKO ZAMANZI NOKULUNGISWA KWEMIGWAQO




Nomfundo Khawula & Thulile Maphanga

Inhloso yaseNyukhasela yokuba nguMasipala ongenazo izikhinsi emgwaqeni isheshe yafezeka, lomsebenzi wokuzikhandla uhambisana nemizamo kaMasipala yokubuyisa nokwakha kabusha izinhlelo zamanzi ezikhukhula ngokushesha okukhulu. Ngokuhlanganyela ne 'Operation Khawuleza' uMnyango Wezobuchwepheshe kaMasipala uhamba phambili, futhi uhlanganisa indawo enkudlwana ngemizamo yokwenza imigodi ibe yinto yesikhathi esedlule.

Kuleli sonto, amaqembu ahlukene avela eMnyangweni Wezobuchwepheshe athunyelwe ezindaweni ezahlukene kuMasipala ukuqala ngohlelo lokulungisa imigwaqo nokwakhiwa kwamapayipi amanzi. Amaqembu aqale emgwaqeni u-Edison kanye no Davy endaweni yezimboni eNyukhasela, imigodi lena isiphazamise kakhulu abashayeli emgwaqeni.

Oyimenenja Yezemigwaqo kanye Namanzi Esiphepho, UDkt Thava Kelly uthe uMasipala wazi kahle ukuthi imigwaqo ethile ibe nomthelela ongakanani ezimotweni, kepha usamile ngokuthi imigodi kuzoba yinto yesikhathi esindlule.

“Injongo yethu enkulu okwamanje ukuqinisekisa ukuthi silungisa imigodi eyodwa ngesikhathi. Lenqubo izosheshiswa futhi ilandelelwe ngokushesha. Ngiyazigqaja ukuthi amaqembu ethu asebenza ngokuzikhandla ukuxazulula lenkinga.

UDkt Kelly uphinde wengeza ngokuthi umasipala ulandela ngokushesha lenqubo yokwakha kabusha nokulungiswa kwamapayipi amanzi ngesikhathi ukuvikela ukugcwala kwawo.

“Siphinde sakha izindawo ezahlukene lapho amanzi ezimvula edonswa khona endaweni yase Madadeni esigcemeni 29 ukunciphisa izinga lamanzi avela emvuleni, eyenza lendawo ibenezikhukhula. Sakhe okuzosebenza njengomsele wamapayipi owenziwe ngokusemthethweni ozoqoqa ukugeleza kwamanzi okuhambisa indle yomphakathi”.

Umqondisi Omkhulu Wezamasu Wezinsizakalo zobuchwepheshe, uMnu Sydney Chauke uyishayele izandla imizamo evezwe iqembu Lezobuchwepheshe. Unxuse amalunga omphakathi ukuthi abekezele wathembisa umphakathi lenqubo izofika kuzonke izigceme.



## ACCELERATING SERVICE DELIVERY

# UKUVULWA KWEMITAPO YOLWAZI




Thulile Maphanga, Siphosethu Mkhwanazi & Nomfundo Khawula

Unqongoshe wezobuciko namasiko uNkz. Hlengiwe Mavimbela ephelezelwa usodoloba womkhandlu waseNyukhasela uDkt. Ntuthuko Mahlaba bavakashele imitapo yolwazi yaseNyukhasela kanye nowase Charlestown, ngenhloso yokuqinisekisa ukuba imithetho yeCovid-19 iyagcinwa.

Inhloso yaloluhambo kwakungukuhlola ngokuphelele isimo sokulungela kwalezi zikhungo ezibaluliwe ngenjoba yonke imitapo yolwazi KwaZulu-Natal ebikade ivalwe ngokusemthetheweni ngenxa yemithetho yemivalelandlini. Ngokulandela imithetho kamongameli uCyril Ramaphosa yokungena kwezwe esigabeni sokuqala somvalelandlini, umnyango kazwelonke kwezobuciko namasiko uthathe isingqumo sokuthi imitapo yolwazi iphinde ivulwe futhi.

Unqonqoshe uMavimbela wenze izinkulumo ezincomayo ngenkathi ehambele emtapeni wezincwadi waseNyukhasela. Ungqonqoshe ushayele uMasipala ihlombe ngokuba nemitapo yolwazi enakekelwa kahle kakhulu esifundazweni. Uphinde wagqugquzela nabasebenzi ukuba baqhubeke nomsebenzi wabo omuhle kodwa wabe esebaxwayisa ukuthi baqhaphe ngokweqile njengoba iCovid-19 isekhona.

UMeya Womkhandlu waseNyukhasela uKhansela Dkt. Ntuthuko Mahlaba usebenzise lelithuba ukuqinisekisa abasebenzi ukuba zonke izinto ezibalulekile, izinsiza kusebenza (PPE) zizonikezelwa, nanokuthi uMasipala usethole indlela elula yokunciphisa igciwane lekhuvethe. UDkt uMahlaba njengo mfundi oqavile, unxuse amalunga omphakathi ukuba asebenzise umtapo wolwazi ukusiza ekuqiniseni usiko lokufunda nolwazi.

"Ukufunda kuyisisekelo esibalulekile esikhuthaza ukukhula kwemfundo, okuyinhloso nenjengo yokufunda izinto ezintsha. Nginxusa amalunga omphakathi ukuba baqinisekise ukuthi njengoba imitapo isivuliwe, kwazibani, mhlampe umbhali oqavile olandelayo ukhona la eNyukhasela," kusho uDkt Mahlaba.

Ngesikhathi unqongoshe evakashela iFort-Amiel Mnyuziyemu, umgcini wamaciko asemandulo uveze ukumangala ngendlela uMaspala ogcine ngayo amagugu. Ngaphandle kokusha kwakamuva koMnyuziyemu, okwakudalwe ngubuhanguhangu bamalangabi, bakwazi ukusindisa u90% wezinto zamaciko emlilweni.

"Umnyuziyemu lona unothe kakhulu ezintweni zomdabu esifisa ukuzigcinela isizukulwane esizayo. Ngihlabeke umxhwele ngendlela izindawo esizivakashele ezingakhona. Ukuzinikela kwenu kuyancomeka njengabasebenzi," kusho unqongoshe uMavimbela.

uNqonqoshe ugqhugqhuzele ukubaluleka kwemithetho yesegaba sokuqala. Umphakathi uyanxuswa ukuba ulandele imiqathango yemihlahlandlela yokuhlukanisa umphakathi ebekiwe kuzozonke izakhiwo mawungena.

Ukuvulwa kwemitapo yolwazi neMnyuziyemu kuzosetshenziswa ngaphansi kweziqondiso eziqinile ezilandelayo:

- Umtapo wolwazi omncane ungamukela abantu abangaphezu kweshumi
- Umtapo wolwazi ophakathi nendawo ngokosayizi uzokwamukela abantu abangamashumi amabili nanhlanu ngesikhathi
- Umtapo wolwazi omkhulu ungathatha abantu abangamashumi amahlanu

Abavakashi baseMnyuziyemu bazovunyelwa ukuvakasha. Ngeke kubukhona ukuvakasha okuqondisiwe. Yize kunjalo abavakashi bazohlolwa.

Endaweni yemitapo yolwazi, lemisebenzi elandelayo izovunyelwa:

- Ukutholakala kwe WI-FI
- Izindawo zokufundela
- Ukubuyisa kwezinsiza zokufunda ezazibolekiwe ngemuva kwemiqathango yemivalelandlini
- Noma iziphi izinhlawulo ezenziwe ngesikhathi somvalelandlini zizosulwa

"umntwana ofundayo uzoba umuntu omdala ocabangayo"



# USOTSWEBHU UHOLA UMTHANDAZO WOKUTHULA




**Neliswa Sibisi & Sthembele Dlamini**

Uphiko lwezinhlelo ezikhethelekile kuMasipala waseNyukhasela ubambisene namalunga omphakathi, bahlanganyele eBlue House Hall endaweni yaseBlaaubosch ukuthandazela ukuthula nokugenelela kukaNkulukulu ekulweni nezinkinga zenhlalo njengezidakamizwa nobugebengu.

Okhuthaze lomthandazo, usotswebhu kamaspala waseNyukhasela ukhansela Dolly Mnguni. Loluhlelo luhehe abantu abadala nabancane, amalunga ezomthetho waseNingizimu Afrika ngokwehlukana kwezinhlangano zasemphakathini. Inhloso enkulu bekunguku qhwashisa amalunga omphakathi ngomthelela omubi wodlame nobungozi bobugebengu. Ukhansela Dolly Mnguni unxuse bonke abebethamele ukuba baqhuqhuzele namanye amalunga omphakathi ukuba akhulekele intsha yaseNyukhasela.

"Njengomphakathi kumele sizijwayeze ukuxhumana noNkulukulu ikakhulu ngezikhathi ezinzima. Ngiyakholelwa ukuthi lapho sihluleka singabantu, uNkulukulu akahluleki. Namhlanje siyazibophezela futhi siyazithoba emehlweni kaMdali, simcela ukuba asihole ikakhulu intsha yethu. Ngiyanicela ukuba nibuyele emphakathini wenu niyoqhuqhuzela izihlobo nabangani ukuba bakhulekele iNyukhasela," kuqhuba uKhansela Dolly Mnguni.

Umnumzane Buyani Mazibuko ovela kuphiko lokuvikela ubugebengu (SAPS) uveze umuzwa ofanayo. Ube nengxoxo nalaba abathintekayo kudlame lwakamuva. Umnumzane uMazibuko unxuse umphakathi noMasipala ukuba basebenze ngokubambisana, ukuqinisekisa ukuthi lesissihlava asibhebhetheki.

"Labantwana abayona ingozi njengoba abantu bebabeka. Bayasidinga kakhulu ukuba sibahole. Siyakuqonda ukuthi konke loku kuqale ngento nje encane emdlalweni webhola, yabe isiphuma esandleni. Kuyisibopho sethu ukuletha uzinzo nokuthula entsheni. Sithembisa ukuqondisa nokwenza lula uxolo. Nginethemba ukuthi maduzane lokhu kuzobe sekundlulile. Siphuthuma inqubo yokuqeda abenzi bobubi ukuze kuphele lesisimo," kusho uMnumzane Mazibuko.

# UBUSO NOBUSO NOKHANSELA WESIGCEME SOKUQALA KUMASIPALA WASENYUKHASELA U MIKE DLADLA

## IGAMA: MIKE DLADLA
## IZINCINGO: 063 698 4751/082 407 5309
## USUKU LOKUQOKWA: UKHETHO LOHULUMENI BASEKHAYA LUKA 2016



Siyanibingelela,
"Igama ngingu Mike Dladla,uKhansela lesigceme 1 ngaqokwa kulesikhundla emva kokhetho lohulumeni basekhaya langonyaka ka 2016. Kunyinhlanhla ukuba ngibe yinxenye kaMasipala onenqubekela phambili futhi oqhakambisa izidingo zabantu, kodwa okukhulu kakhulu ukuba inxenye yesikhungo esilalela futhi sinakekele abantu.

Njengekhansela lesigceme esiseNyakatho noMasipala waseNyukhasela, nginakekela nazi izindawo ezilandelayo, Inketheni, Charlestown,Amajuba Forest, Nkwelo, Ingogo(Emalayinini), Ekubongeni,Bothas Pass,Wilkom,KwaBlenke.Ngesi khathi sami sokuhola, ngibe nenhlanhla yokuba ngibe ngokhethekileyo ukuba kuthulwe uhlelo lokwakhiwa kwezindlu e Charlestown, olubandakanya ukwakhiwa kwezindlu ezingu 1500, ezinokuhanjiswa kwendle okusemgangathweni. Njengamanje siphokopela ukwakha imigudu yokuhanjiswa kwendle kulezizindlu.Olunye uhlelo lwentuthuko esihlose ukulithula emphakathini ipitsi ukuze abantu bathole amanzi.Njengoba sazi ukuthi ezinye zezindawo azikaze zize zibe nawo ugesi phambilini, ngemizamo yomkhandlu, sizibophezela ekuqaleni ukhukhulela ngoqo wohlelo lokufakwa kukagesi ezindawe ni ezinjengezase Ekubongeni.

Kunezinye izinhlelo zentuthuko ezihlonzelwe lesisigceme, nyengokufakwa kwamatshe emgwaqeni kanye nokwakhiwa kwemigwaqo emisha u Mnyango weZokuthutha.Umtholampilo omusha eNormandien usuphasisiwe uMnyango weZempilo kanti izinhlelo zokwakha ziyaqhubeka.

Ngaphandle kokuvuleleka kwesigceme kanye nomhlaba omkhulu wokulima, ikakhulukazi Ingogo ne Botha's. Ngizimisele kakhulu ukuthi sifinyelele kuwona wonke amakhona esigceme ukuhambisa intuthuko. Izakhamizi eziningi zithembele kumasipala uma ngabe zibhekana nezinselelo, kungaba izinkinga zolimo noma zokuhanjiswa kwezidingo nqangi.Njengekhansela ngiyaqinisekisa ukuthi zonke izikhalazo zithathelwa phezulu.

Sengiphetha, ngifisa ukunxusa wonke umphakathi ukuba usebenzisane nathi ukuze sishintshe izimpilo zabantu zibe ngcono.Singazinqoba zonke izinselelo esibhekene nazo uma singahlale sibumbene.Eziningi izinhlelo zentuthuko ngeke siziqede ngosuku olulodwa ezinye zidinga isikhathi, ngakhoke sicela nibekezele. Ngihlale ngixhumana nezinhlaka ezahlukene ukuze sixazulule izinkinga zase Charlestown.Ngiyalethemba ithimba likaMasipala elisebenza ukuza nezisombululo eCharlestown.Sizoyixazulula inkinga sindlulele phambili.

Siyabonga.

**NEWCASTLE MUNICIPALITY**
**VACANCIES**

The following vacancy exist in the department as mentioned hereunder:-

**DEPARTMENT : DEVELOPMENT PLANNING AND HUMAN SETTLEMENTS**

**DIRECTOR : ECONOMIC DEVELOPMENT : POST ID : DPHS10**

| | |
|---|---|
| Position | **DIRECTOR : ECONOMIC DEVELOPMENT** |
| Remuneration | R1 207 791,42 per annum (Total Cost to Council) |
| Qualifications | • Grade 12 plus a Degree in Economics or equivalent. Valid driver's license. |
| Experience | • 5 – 6 Years' experience of which at least 3 years of experience must be at a middle management level. |

Responsibilities

MANAGEMENT FUNCTIONS

FORWARD PLANNING AND FUNCTIONAL CO-ORDINATION

Identifies with the broad local economic development, social upliftment and tourism strategy and defines the functional requirement necessary to support specific objectives and outcomes, by :

- Communication with the immediate superior on specific key performance areas (communication and awareness, marketing) with a view to aligning function, service delivery objectives, policies procedure
- Formulating and aligning local economic development, by-law enforcement, mining, agriculture, SMME and tourism plans, complying with legislative changes and embracing the strategic focus of the consolidated district plan addressing social-economic development
- Analyzing practices, intervention processes and capacity against requirements and submitting reports supporting specific provisions associated with local economic development, social upliftment and tourism deliverables considered during the preparation of financial expenditure estimates to support plans and objectives
- Defining functional roles, procedures and applications necessary to support and sustain the identification, development and management of projects and programs

PERSONNEL AND PERFORMANCE MANAGEMENT

Directs and controls the Key Performance Indicator's and outcomes of personnel within the section, by :

- Defining/adjusting the role boundaries, workflow process and job design against laid down service delivery requirements and statutory regulations
- Determining staffing levels and preparing motivations for the filling of vacancies to complement functional objectives and requirements
- Participating in the recruitment and selection process, approving minimum design and specifications for inclusion into job advertisements and evaluating applicant's suitability through analysis of selected short-listed curriculum vitas and interviews
- Conducting appraisals to measure performance against agreed objectivities, counselling and consulting with personnel on developmental goals, career paths and short term targets and standards
- Monitoring the adequacy of current training interventions through the evaluation of competency demonstrated in workplace applications and preparing progress and assessment reports for inclusion into the consolidated Skills Development Plan of the department
- Analysing statistical information pertaining to staff attendance, overtime, leave and addressing deviations or occurrences of abuse and/or workplace conflict through the implementation of corrective measures in accordance with human resources policies and procedures and codes of good practice encapsulated in employment legislation

FINANCIAL AND BUDGET CONTROL

Prepares capital and operating estimates for the branch and approves and controls project related expenditure against the budget allocations, by :

- Evaluating the sections performance against budget and addressing deviations/variances with appropriate personnel
- Monitoring and implementing corrective measures to rectify deviations/acts contrary to financial regulations, audit requirements and departmental procedure in respect of transactional recording and processing of financial information associated with the activities of the branch
- Communicating with the council's financial services department on audit findings and recommendations and institutes the necessary investigational or corrective measures
- The effective utilization of all resources under the Planning and Development's control within the restraints of the budget
- All expenditure within the financial regulations and budget for the Development and Planning and certification for payment thereof

FUNCTIONAL MANAGEMENT
IMPLEMENTING TOURISM STRATEGY AND SECTOR PLAN

Investigating and executing processes associated with the alignment and implementation of tourism program and projects, by :

- Identifying with qualitative and quantitative requirements to support accomplishment of objectives
- Interacting with District Municipality's on the scopes of specific tourism project applications in the local area and preparing submissions/report to specific portfolio committees for perusal and discussion
- Co-ordinating and scrutinizing feasibility studies and commenting on the processes and provisioning requirements with respect to prioritization, budgeting and/or preparation of business plans
- Attending to procedural requirements with respect to the preparation and evaluation of tenders, appointment of Steering Committees and appointment of consultants
- Monitoring budget provisions against specific interventions and outcomes and attending or correcting deviations in performance and/or agreed project milestones

LOCAL ECONOMIC DEVELOPMENT INITIATIVES

Manages investigative, facilitative and alignment processes of Local Economic Development and SMME's projects and programs across the identified sectors, by :

- Interpreting researched outcomes and studies on the local area needs, weaknesses, gaps and opportunities against the Integrated Development Plan Implementation Framework
- Co-ordinating the implementation of approved projects and programs (job creation through integrated local economic development, small medium and micro enterprise development, youth co-operatives, sport and recreation, etc.) evaluating invention phase against milestones and providing recommendations on alternative applications to reduce bottlenecks
- Monitoring the quality, adequacy and appropriateness of skills development initiatives/interventions through assessments and analysis of the performance of the informal sector
- Assessing the progress with the construction of facilities and/or local area rehabilitation initiatives, interacting with functional areas (technical, etc.) on project management and deliverables based on the project scope

CREATING AWARENESS AND RELATIONSHIP MANAGEMENT

Manages and controls processes aimed promoting and crating awareness of the economic development potential, social improvement needs and positioning the local area as a preferred tourist destination, by :

- Conducting research into opportunities and formulating marketing plans and strategies for consideration and adoption at executive level
- Analysing quantitative information to determine trends and aligning strategies on positioning and branding to focus specific target market and/or support the development of new tourism and investment initiatives
- Cultivating and maintaining relationships with key stakeholders, media and national, provincial and local government bodies to facilitate support and understanding of the local area marketing strategy
- Maintaining relationship with local and foreign investors and relevant foreign embassies
- Contributing to the design and development of promotional materials, campaigns and events and utilizing various communication mediums to promote the region's economic potential, social development needs and tourism attractions
- Preparing proposals, detailing the strategic focus of the municipal with respect to poverty alleviation in the local area and forwarding to prospective funders for consideration with a view to gaining interest and support for local initiatives

GENERAL FUNCTIONS

COMMUNICATION AND REPORTING

Disseminates function and operational information on the immediate, short and long term objectives and current development, problems and constraints, by :

- Co-ordinating the set-up and implementation of communication mediums to serve as avenues to facilitate transfer of functional information and receive comment, opinions and complaints
- Participating in various meeting (council, internal and external forums, etc.) and providing comments/opinions on matters affecting or concerning the functionality
- Responding, through the collection of factual information and/ or conducting the necessary investigation/research, to enquiries and concerns from the general public, councillors, government departments, etc.
- Responsible for all external marketing campaigns to attract investment to Newcastle

ADMINISTRATION

Co-ordinates specific administrative and reporting requirements associated with the key performance and result indicators of the functionality, by :

- Preparing procedural, financial and performance reports referring to statistical data and qualitative information related to initiatives of the section for the attention of the immediate superior for consideration and inclusion into council and sub-committee reports
- Compiling investigational reports and/or responses to correspondences and queries, undertaking research or extracting information and records to support content, recommendations and/or opinion
- Completing and/or approving specific transactional, instructional and procedural forms/documents (requisition, leave, notifications and circulars), referring to procedures and/or policy guidelines prior to submitting for processing or circulation
- Maintaining the activity and recordkeeping systems and/or executing specific actions to facilitate the updating of information with respect to specific activities and interventions

| | |
|---|---|
| Where advertised | Internal / Newcastle Advertiser / Ilanga / Sunday Times / Newcastle Municipal Website |

**Detailed CV's can be forwarded to the Directorate : Human Resources, and be placed in the box with Security in the Rates Hall, Tower Block, 1st Floor Murchison Street, Private Bag X6621, NEWCASTLE, 2940. For further information you may contact the Strategic Executive Director : Development Planning and Human Settlements : Mr V Govender at 034- 328 7790.**

- Canvassing for appointment will automatically disqualify an applicant.
- If no reply to your application has been received within 60 days of the closing date, you should consider your application as being unsuccessful.
- The Directorate: Human Resources will not accept responsibility for information not mentioned in applications.
- **NO** late applications will be accepted.
- **NO** e-mails or faxes will be accepted.
- The Directorate: Human Resources will not be held responsible for lost applications unless proof of submission can be supplied.
- All applicants may be required to undergo a proficiency test.
- **NO** applications shall be considered without certified copies of the original documents of qualifications.
- The Newcastle Municipality adheres to the provisions as contained in the Employment Equity Act to ensure representatively through the process of affirmative action.
- It would be expected of candidates to be subjected to thorough evaluations and that previous and current employers and references will be contacted. Verifications will be done on his / her qualifications, criminal and credit records.
- Applicants must have no criminal record or pending criminal/departmental or civil cases. The candidate will be required to disclose all financial interest and will be subjected to competency assessment.
- Applicants will be subjected to a vetting process which will include security screening and fingerprint verification.
- Applicants should be a South African citizen or permanent resident.
- **SHOULD** the candidate be successful in the interview and thereafter decline the offer, such candidate will be liable for all costs incurred to have the position re-advertised.

**CLOSING DATE : 13 NOVEMBER 2020**

**ISAZISO SOLWABIWOMALI OLUBUYEKEZIWE 2020/21**

Inombolo yesaziso : CS 29 of 2020

Isaziso sikhishwa ngokwezigaba ezisemqoka zomthetho ezibalulwe ngezansi, ukuthi uMkhandlu waseNewcastle wamukele isabelomali sokulungiswa konyaka wezimali ka-2020/2021 emhlanganweni womkhandlu owawebanjwe mhla zingU-30 kuMandulo 2020. Izingozu zomthetho ezibalulekile ezilandelayo:-

- Isigaba 21 (a) soMthetho wezinhlelo zikaMasipala ka-2000 (uMthetho No. 32 of 2000)
- Isigaba 28 (2) soMthetho Wokuphathwa Kwezimali ZikaMasipala ka-2003 (uMthetho No. 56 of 2003); futhi
- Umthethoqubo 21 – 27 wemithethonqubo kaHlomelo lweMali kaMasipala Kanye nemibiko

Bonke abahlali base Nyukhasela abanentshisekelo bamukelekile ukuzifundela uhlahlobiwezimali olubuyekeziwe kwesabelo mali sika-2020/21, Kanye nomqulu wohlaka lwentuthuko olubuyekeziwe. Yonke imiqulu yalemibiko iyotholakala kulihhovisi lomphathi womkhandlu kusukela ngomhla ka-7 kuMfumfu 2020 futhi iyotholakala ehhovisi eliyinhloko kamasipala (Civic Centre), emahhovisi angaphandle, Kanye nesitapo yolwazi , kusukela ngomhlaka 14 KuMfumfu 2020.

Ukuze uthole imibuzo eyengeziwe sicela xhumane nabaphathi bamahhovisi amasipala alandelayo:-

| NAME | POSITION | CONTACTS |
|---|---|---|
| Mr. Sbi Nkosi | Umqondisi Wezezi mali (Budget) Kanye nehHovisi likaMagciamala (Treasury Office) | (034) 328 7752 |

**MJ MAYISELA**

**IBAMBA MPHATHI WOMKHANDLU**

Newcastle Municipality

Private Bag X 6621

NEWCASTLE

2940


JOBS AND TENDERS ARE NOT FOR SALE



Newcastle Municipality
EYABANTU - FOR THE PEOPLE

# OKUCAPHUNWE KULESONTO!

# INDLELA UMHOLI OKUMELE AZIPHETHE NGAYO



"Uma sinethuba lokusebenza, kumele sisebenze ngokuzimisela",
uMeya waseNewcastle
uCllr. Dr Ntuthuko Mahlaba